

Ubuholwa abesifazane umkhankaso wase-KZN wezokuphepha emgwaqeni

Ntokozo Cele

Njengoba iNingizimu Afrika igubha inyangi yabesifazane, iqegebana labesifazane abangamaphoyisa omngaqo KwaZulu Natali, abeliholwa umkhuzi wesifazane futhi ovele ka-Road Traffic Inspectorate, kumkhankaso wezokuphepha emgwaqeni obuhlanganisa ngokukhethekile abomthetho besifazane.

Kulomkhankaso, leli thimba libophe abashayeli abangu-77 ngokushayela bephuzile, lamisa izimoto ezingu-251, lamisa izimoto ezimbili ezingekho esimweni sokuba semgwaqeni. Abashayeli bezimoto abangu-11 nabo babanjwe beshayela bengenazo izincwadi.

Lesi sinyathelo salomkhankaso besiyingxenywe yomkhankaso we-RTI othi “Zero Tolerance, Nonsense, kanye no-Alufakwa”, okuhloswe ngawo ukususa abashayeli abangenazimfanelo emigwaqweni yaseKZN.

Impumelelo yalo mkhankaso iwubufakazi bokuzinikela nobuholi babesifazane ku-RTI. Ngokusho kukaNgqongqoshe wezokuThutha nokuHlaliswa koMphakathi, uMnuz Siboniso Duma.

“Imizamo yaleli thimba ithela izithelo ezinhle njengoba sekuboshwe inqwaba yeziphulamthetho ezifundeni ezahlukeni okubalwa kuzo iTheku, uMgungundlovu neKokstad,” kuchaza uDuma.

Umkhankaso we-RTI ubaluleke kakhulu phakathi nezinyanga zasebusika, lapho izingozi zomgwaqo zivame ukwanda ngenxa yobusuku



Uphiko lwe-Road Traffic Inspectorate kanye nele Metro Police labesifazane emkhankasweni wokulwisana nokushayela budedengu obuholwa ihhovisi lezokuThutha KwaZulu Natali. Isithombe: KZN Department of Transport

obude nokuncipha kokubonakala. Izibalo zikhomba ukuthi u-27.1% wezingozi ezibulalayo zihlobene nokudakwa kotshwala kwabashayeli, kanti iRoad

Accident Fund yakhokha u-R43 billion wezinzuzo zokulimala kwentsha eyasinda ezingozini phakathi kuka-2020 no-2022. Ngokuhola phambili, laba

besifazane bayasiza ekwakheni isiko lokushayela eliphephile eKZN.

Imizamo yabo iyisibonelo esigqamile somthelela abesifazane

abangaba nawo ezikhundleni zobuholi, baqhubekisele phambili amasu nokukhula nokuyilapho ababeka khona equlwini inhlalakahle yemiphakathi yabo.

+ Shepmed PHARMACY

“Your Highway to Good Health”

ADCO MAYOGEL



49⁹⁰

ADCO NAPAMOL



24⁹⁰

CITRO SODA



115⁰⁰

OSTEOEZE 90's



299⁰⁰

CORENZA 20's 169⁹⁰
MEDI KEEL HONEY & LEMON 59⁹⁰
SOLPHYLLX 129⁹⁰
ADCO FLUPAIN 34⁹⁰

ADCO NAPAMOL 20's



29⁹⁰

We Accept all Medical Aids

Chronic Medical Aid Supplier
Inhouse Clinic

Shop 2, 59 Shepstone Road, New Germany 3610. TEL: 031 705 3908 / 031 705 5216



- Facebook: BTNews
- Instagram: btnews2023
- Email: promotions@btnews.co.za
- Website: www.btnews.co.za



Umbono ngoHulumeni omusha

Igama: Nomvula Isibongo: Munnie Iminyaka: 44 Indawo: Waterloo Umsebenzi owenzayo: Umculi
Impendulo: uhulumeni wombambiswano nezinhlangano zonke ezivoteliwe zathola amalungu azihlala ephalamende adingide izindaba nezinhlelo zokwenza izimpilo zabantu baseningizimu africa bebonke zibe ngcono



ukuzicija nami ngiyongena khona, so kubalulekile ukwethemba ubuholi futhi sibafisele ukuthi bahole ngobuhlakani obunobuntu phambili. Ngiyafisa futhi ngizoqhubeka ukukugququzela ushintsho kumthetho wabasebenzi namanje selokhu sathola inkululeko lomthetho awukasivuni njengamaciko, lokhu kuyincindezi enkulu kakhulu futhi kudunga

ubuholi bepolitiki obuzovuma ukubuyisa isidima samaciko akwazi nawo ukusebenzela isocial security in their lifetime. Akwazi nawo amaciko ukuvikelela kulomnotho omkhulu abawulethayo ngobuciko kodwa okuningi abahlomuli nhlobo njengabasebenzi bonkana abasebenzayo.

Umsizi was ekhaya unebasic wage/salary ekuthathwa kuyona iUIF nepension ukuze uma uphela umsebenzi akwazi ukuhlomula ngemali ibithathwa esaqashiwe, amaciko aculayo awanalo lolusizo ngoba umthetho ongamele ukusebenza awuwafakile amaciko aculayo njengabasebenzi, okuwukuhlukunyezwa okukhulu kwephulwa ilungelo labo lokusebenzela ikusasa elingcono nabo bakwazi ukuthatha iretirement noma bathole pension mhla umuntu wagula noma eshona umndeni.

wakhe ukwazi ukumfihla ngesizotha. Nginethemba abaholi bazobeka abantu phambili ekwenzeni ubulungiswa sikwazi nokulekelelwa ngezinsiza ekufanelekile sizithole uma sizicela ngoba ukusebenza kwethu kuthatha enkulu intela kodwa isinsiza zokwenza umsebenzi azikho.



Igama: Slindile Isibongo: Mbotho Iminyaka: Indawo: Umlazi BB Umsebenzi: Umsunguli we bhizinisi- Sli Driving School

Singosomabhizinisi besifazane sinesifiso sokuthi uhulumeni wobambiswano usixhase futhi usivulele amathuba omsebenzi njengoba sesiwuqalile, bakwazi ukuthi ezikoleni izingane ezenza umatibuletsheni ziphume sezinazo izincwadi zokushayela, siyanxusa kuhulumeni wobambiswano ukuthi bafake isandla kulomkhakha ngoba lokhu kusiza nentsha yanamuhla ukuthi uma beqeda isikole baphume sebenazo izincwadi zokushayela ukuze baqasheke kalula kuvuleke namathuba omsebenzi nalabo abaphuma emakhaya anganawo amandla bathole ukuxhaseka, ngoba okwamanje uma unganayo imali kunzima ukuba nezincwadi zokushayela, sinethemba lokuthi loludaba bazolithathela phezu balethe ushintsho ezimpilweni zabantu. Lomsebenzi engiwenzayo ngawuqala nginesifiso sokuthi abantu basizakale futhi baqasheke kalula uma befuna umsebenzi ngoba akuselula ukuthola umsebenzi uma ungenazo izincwadi zokushayela. Ngigqala lomsebenzi ngangibona abantu abafundiswa yimina bephasa kahle bebuya nezincwadi, isifiso sami ukuthi ukhule kakhulu umsebenzi Wami futhi abantu basizakale nomnotho ukhuphuke.

Igama: Baetile Isibongo: Sebata Iminyaka: 28yrs Indawo: Capetown Umsebenzi owenzayo: Singer

Impendulo: From my opinion, there hasn't been much of development under the ruling president. So, as that has not changed, I don't expect any great changes except things getting worse economically. The structure of the government has been altered, but I'm hopeless that will bring any change as the usual happens. People say a lot and appear more often while campaigning but barely do or fulfill their promises. It has become the norm, nothing new there. I'm yet to see the difference in the way the new government will take part and be of support to arts and culture as over the time that has not been given enough attention and assistance required particularly in the music industry.

Having learnt the value that music has in other countries, it is rather sad that our leaders don't see it. Rather, they do so well in celebrating their people only when they seem to have been recognized as well as made achievements from outside countries. Yet, there is still no established system and value put in place to support and truly raise the standard of art within our own country. Regarding this, I understand that some might say there is, however, the Department of Arts and Culture in place for that.

Though let us not forget that it's not just about its state of existence but that of its act with great intention and love for Arts. Thus said, perhaps the new minister of the department of Sports, Arts and Culture 'Gayton Mckenzie', could show what it means to value and restore the standard of Arts to him, and that of the new government.



YOUR MONTHLY COMMUNITY
FREE NEWSPAPER

You can book your space via email:
sales@btnews.co.za

Contact No: 079 227 8383
www.btnews.co.za

CONTACT THOBILE BLOSE NOW TO
ADVERTISE & GROW YOUR BUSINESS!

e-mail: thobileb@btnews.co.za



Send us an email to subscribe and receive the monthly paper via email: sales@btnews.co.za



IThekultalks



BY 2030 ETHEKWINI WILL BE AFRICA'S MOST CARING AND LIVEABLE CITY

Ukuvulwa kwebhuloho elisha laseTshelimnyama kulethe intokozo

ZIMBILI MAZIBUKO

UMPHAKATHI waseTshelimnyama kuWadi-15 ubugcwele izinyembezi zenjabulo ngesikhathi iMeya yeTheku, uKhansela Cyril Xaba enikezela ngokusemthethweni ngebhuloho elithuthukisiwe. Lokhu kunikezelwa kulethe ukukhululeka okudingekayo emphakathini othikanyezwe izinselelo zengqalasizinda kanye nobungozi bezikhukhula. Lo mphakathi walahlekelwa kakhulu ngesikhathi kuguguleka izindlu ngenxa yezikhukhula okwashiya abanye dengwane. Izikhukhula ezimbi zika- 2019 nezika-2022 zaveza ukungasebenzi ngendlela kwebhuloho elidala, elalihlezi licwila emanzini kuze kungahambeki, okwakubeka izimpilo zabantu engcupheni. Umpakathi uphume ngobuningi kulo mcimbi obubungaza ukubuyiswa kwethemba lawo. Ekhumaluma nomphakathi



Bekuchichima injabulo emphakathini waseTshelimnyama ngesikhathi iMeya yeTheku uKhansela Cyril Xaba enikezela ngebhuloho elithuthukisiwe.

Isithombe: THULI DLAMINI

uMeya uXaba uthe lolu uphawo lwenqubekela phambili, ukubekezela, nethemba. “Ngijabula ukuchitha imizuzu ewu-67 yokuSuku likaMandela

eTshelimnyama, ngokunikezela ngokusemthethweni ngaleli bhuloho elakhiwe kabusha. Ibhuloho lenu leli, lakhelwe nina, ngokubeka ikusasa lenu

emqondweni. Masivivikele senze isiqiniseko sokuthi lisiza nezizukulwane ezizayo,” kusho yena. Leli bhuloho lenziwe ngenan likaR20 million, lingamamitha

awu-20, lakhiwe ngomklamo wesimanje okwazi ukumelana nezimo zezulu kuhloswe ngalo ukuthi lisebenze unyaka wonke nokuthuthukiswa kokuphepha kwabahamba

ngезinyawo nabashayeli bezimoto. Liyinxenye ebalulekile yeTheku yolungiswa nokuvuselelwa kwengqalasizinda ukuze imelane nezimo zezulu. Isakhamuzi saseTshelimnyama, uDumisani Khumalo uhlulekile ukufihla injabulo yakhe, wathi izikhukhula zashiya umunyu omkhulu emphakathini. “Asisakhathazeki ngokuphepha kwethu ngesikhathi sezimvula ezinamandla. Leli bhuloho lihle futhi lisimeme,” kusho uKhumalo. IMeya uXaba ugqamise ngokubaluleka kokusebenzisana nomphakathi ekwenzeni le phrojekthi yaba yimpumelelo waphinde wacela umphakathi ukuthi unakekele futhi uvikele ibhuloho ekucekelweni phansi. Kusunguleke amathuba omsebenzi kwaqashwa izakhamizi eziwu-20 ngesikhathi kwakhiwa.

AmaPhoyisa kaMasipala aqinisa umbutho wawo ngokuqashwa wamanye



Emizamweni yokuqinisa umbutho wamaPhoyisa oMkhandlu, kusanda kuqashwa oConstable abasha abawu65.

Isithombe: VUYANI DIMBA

VUYANI DIMBA

AMAPHOYISA kaMasipala amukele oConstable abasha abawu-65, okuqinisa umbutho ukuze kwenziwe isiqiniseko sokuthi kusetshenzwa ngendlela emgaqweni, kugcinwa imithetho kaMasipala, kuqandwa ubugebengu nokuqinisekisa ukuphepha nempilo yezakhamizi nezivakashi. Laba abasanda kuqashwa, bafika nenqwaba yesipiliyoni abasuka nayo ezikhungweni zomthetho ezehlukene ezingaphandle kukaMasipala. IPhini loMqondisi wamaPhoyisa kaMasipala uKhomishana uWinnie Zama uthe amasu okunqanda

ubugebengu asaqhubeka nokusetshenziswa kuMasipala wonkana, okuhlenganisa nokuqinisa umbutho wamaPhoyisa kaMasipala. “Njengoba sithokozela ukuqasha, kubalulekile ukuthi sifundise isiko lokuziphatha kahle, ukuthembeka, nokwenza kahle. UMasipala uyaziqhenya ngokusheshisa ukuhlinzekwa kwezidingongqangi ngokuphepha nempilo yezakhamizi,” kusho uZama. Uveze ukuqashwa kwamaphoyisa “njengomqondo kaMqondisi uKhomishana Sibonelo Mchunu ogcizelele ukubaluleka kokwakhiwa kwamathuba emisebenzi.”

“Siyazuza njengabomthetho njengoba siqasha amaphoyisa amasha nezikhulu ezinamava. Sifuna ukuba khona kwethu njengaMaphoyisa kaMasipala kuzwakale njengoba sisebenzela ukunqanda ubugebengu,” kusho uZama. “Leli yithuba eliyinqayizivele elizosiza ekuletheni izinguquko ezinhle. Liphinde libe yithuba lokukhula nokwenza umehluko ezimpilweni zabantu.” UShangase uke waba yiBamba likaKaputeni wamaphoyisa kaMasipala wancoma igxathu elikhulu elithathwe amaphoyisa kaMasipala ukuqinisa umbutho wawo.

Kuthuthukiswa izinkulisa

SANE SHANDU

UMASIPALA weTheku wethule uhlelo lokuthuthukiswa eyezinkulisa oseluqalulile nokuletha ingququko emiphakathini entulayo nasemijondolo. Isikole sikaMasipala i-EMA sethule uhlelo lokuqeqesha ngokuphelele lonyaka eliwu NQF Level-4 kubasebenzi basezinkulisa abangaphezu kuka-50. Laba basebenzi bahlonyiswa ngokukhulisa ingane ngendlela ephelile okubandakanya ingqondo,

imizwa, ukuzwana nabanye, nokunye okuphathekayo ukuze abantwana bangalungelise isikole kuphela kodwa nempilo imbala. Babuye baqeqeshwa ngokuthi bakwazi ukubona ukungakhuli ngendlela, okunika isikhathi esanele sokungenelela okungasiza impilo yengane yonke ngokuphelele. Lolu hlelo lwenziwe ngokubambisana noPhiko lokuhlaliswa kwabantu kanye nelokuphepha kwedolobha. I-EMA ihlomisa ngamakhono, elokuhlaliswa kwabantu

luthuthukisa ingqalasizinda yezinkulisa. UMphathi wePhrojekthi yakaEMA uLihle Sishi uchaze lolu hlelo njengokuzibophezela ekuqedeni izinkinga zomnotho wabantu, ukungasebenzi, nokungalingani. “Ngokuthuthukisa abasebenzi basezinkulisa ngamathuluzi alungile nolwazi, siqinisekisa ukuthi ingane, kungakathaliseki ukuthi iqhamukaphi, inethuba lokuba nekusasa elingcono,” kusho yena.



UMasipala uqeqeshe abasebenzi basezinkulisa abangaphezu kuka-50 bokuThuthukiswa kweZingane ezisencane. Ngokuqeqesha laba basebenzi ngamakhono okukhulisa izingqondo ezisencane, kwakhiwa isisekelo somphakathi obandakanyayo, ofundile, futhi ophumelelayo.

Isithombe: NONJABULO CHAMANE



LAHLA
UDOTI EMGQONYENI



REDUCE • REUSE • RECYCLE



I-SAHRC Iphenya uNgqongqoshe u-Gayton McKenzie ngezinsolo zokucwasa abokufika

Ntokozo Cele

ISouth African Human Rights Commission (SAHRC) yethule uphenyo ngoNgqongqoshe uGayton McKenzie mayelana nezinkundla zokuxhumana eziphinde zavela ngo-2011 kuya ku-2017 ezithathwe njengokwephulwa okuphambili koMthetho Wokukhuthaza UkuLingana Nokuvinjela Kokucwasa Okungafanele.

IKhomishana ithole izikhalo eziningi ezivela emaqenjini ezipolitiki nakubantu ngabanye mayelana nalama-post, asequbule umsindo ezinkundleni zokuxhumana nakumaphephandaba. I-SAHRC ikholelwa ukuthi amazwi kaNgqongqoshe uMcKenzie angase ahlanganise inkulumo enenzondo, enqatshelwe ngokoMthetho Wokulingana kanye Nomthetho Wokuvimbela Nokulwa Nobugebengu Benzondo kanye Nenkulumo Enenzondo, wezi-2023.

NjengoNgqongqoshe kanye nelungu lePhalamende, uMcKenzie kulindeleke ukuthi ahloniphe izindinganiso zokuziphatha. I-SAHRC ithumele incwadi yezinsolo kuNgqongqoshe futhi izonquma izinyathelo ezilandelayo, okungenzeka zifake nokuqulwa kwecala eNkantolo yokuLingana. IKhomishana ikhumbuza umphakathi ukuthi inkululeko yokukhuluma ayiphelele futhi icela wonke umuntu ukuthi ahloniphe imigomo yokulingana nenhlonipho.

Ngokuso kukakhomishana weSAHRC ukusetshenziswa kwegama eliwala ngo-K eNingizimu Afrika akuvumelekile njengoba liqukethe inzondo nokudicilela isithunzi sabantu abamunyama.

“Inkantolo ithole ukuthi igama elithi K linqatshelwe eNingizimu Afrika futhi ikhomishana ike yafinyelela kulesi sikhundla yathola ukuthi baphule umthetho nakuba kwenziwa kudala,” kusho uKhomishana uMadlingozi.



UKhomishana we-SAHRC u-Tshepo Madlingozi ehambele i-Africa Judges and Jurists Forum's Reparatory Justice Surgery ngoJulayi 04, 2025.

Sekuphele iminyaka eyisithupha uhleli lubhojozi umndeni wakaMphofana owahlaselwa i-Tornado

Ntokozo Cele

Isalukazi esineminyaka engu-77 sisaqhubeka nokuphila ngaphansi kwezimo ezidabukisayo cishe eminyakeni eyisithupha ngemuva kwesiphepho esibi esacekela phansi umuzi waso endaweni yaseMzimkhulu ngoDisemba 2019.

UNkk Nothula Eunice Mpofana wanikezwa isakhiwo sesikhashana se-asbestos nguMasipala wendawo waseMzimkhulu, kodwa nakuba esethole isiqiniseko esiphindaphindiwe akaze ayithole indlu esesimeni esifanelekile.

Lesi sakhiwo sesikhashana sesiya ngokuba lukhuni ukuhlala kuso, njengoba ngezikhathi zezimvula singena amanzi emvula, namakhaza ashubisa umnkantsha ebusika, nokubeka encupheni impilo kaNkk Mpofana nezingane ahlala nazo ezintathu zabafana.

Kulabafana abathathu ababili abasebenzi kanti futhi nesikole engathi asibahambelanga kahle kanti oyedwa yena uyatohoza okungatheni, lomuzi uphila ngemali yesibonelelo sikhulumeni kaNksz Mpofana nokwenza isimo sabo sempilo sibe nzima kakhulu.

“Kuwukuhlukumeza ilungelo lakhe lokuphila ngesithunzi,” kusho ilungu lomphakathi elikhathazekile ligqamisa ukwehluleka kukamasipala ukufeza izithembiso zawo.

Eminye imindeni etathinteka kulendawo kuthiwa yalutholile usizo kodwa udaba lukaNkk Mpofana lubukeka lushaywe indiva yize umasipala ubusazi ngesimo sakhe.

Ngokusho kukha Nkk Mpofana kudala bake bathi kuyena into evimba angalutholi uxhaso lukahulumeni ingoba kuvela ukuthi umyeni wakhe ongasekho emhlabeni unomuzi oseClairmont yena



Ikhaya lika Nkk Nothula Eunice Mpofana kanye nabafana abathathu eMzimkhulu endaweni yase Bhisi, nendlu yabo yesibambiso kusukela ngesishingishane zika-Disemba, 2019. Isithombe: Sithunyelwe

athi akazi lutho ngawo.

Umpakathi ucela uMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu KwaZulu-

Natal noMasipala waseMzimkhulu ukuba uphenye ngokushesha futhi uxazulule lolu daba.

Ukuncishiswa kwamanzi kuzothinta uMasipala weTheku kanye nomasipala abakhelene nawo

Ntokozo Cele


Ibhodi lamanzi uMngeni-uThukela Water Board limemezele ukuthi ukuncishiswa kwamanzi kuzoqalwa kabusha kuMasipala weTheku, uMsunduzi Local Municipality, kanye nakuMasipala Wesifunda uMgungundlovu kusukela ngoSeptemba 1, 2025.

Lesi sinqumo kuhloswe ngaso ukuqinisekisa ukusimama kwesikhathi eside kohlelo loMngeni River kanye nokuhambisana nemibandela yelayisensi yoMnyango Wezokuthutha.

Ukuncishiswa kuzobandakanya ukuncishiswa kwamanzi ngamaphesenti ahlinzekwa komasipala abathintekayo, okuyobe sekunquma futhi kudlulisele imikhawulo ethile noma ukulungiswa kokuhlinzekwa kwabasebenzisi bokugcina. Lesi sinyathelo sihambisana nesidingo sezinyathelo zokulawula amanzi ngobuhlakani, ikakhulukazi uma kubhekwe izimo zesomiso ezingase zibe khona esikhathini esizayo.

UMnyango wezaManzi nokuThuthwa kweNdle wethula ukuncishiswa kwamanzi ngo-2024 ukuze kwehliswe umthamo wamanzi adonswa uMngeni-uThukela Water emadamini abe ngamavolumu avumelekile. Naphezu kwamazinga amadamu azinzile njengamanje, ibhodi lamanzi lisazibophezele ekusebenzeni ngokubambisana noMnyango Wezamanzi Nokuthuthwa Kwendle, omasipala kanye nababambiqhaza ukuze kuphathwe lolu hlelo ngendlela efanele.

Ngemininingwane eminingi ungathinta Siyabonga Maphumulo okhulumela uMngeni-uThukela Water ku-082 303 4243.



Umcwani ngi osafufusa weDurban University of Technology uwine indondo kowa- SAWISA

Ntokoze Cele

UNkk Nomthandazo Sibiya-Dlomo onguthisha aphinde afundele izifundo zobudokotela kwiChemical Engineering eDurban University of Technology (DUT), uqokwe njengomunye wabahlomule ngendondo yeDoctoral Fellows Award kuma-South African Women in Science Awards (SAWISA) ka-2025. Umcimbi ububanjelwe eBloemfontein ngo-Agasti 21, 2025.

USibiya-Dlomo uklonyeliswe ngocwango lwakhe lokuhlanza amanzi angcolile esebenzisa umoba oshintshiwe, ubanana, kanye nemfucuzo yawowolintshi njengezikhangisi. Ushicilele amaphepha kumajenali ahlonishwayo, okuhlanganisa i-Scientific African and Materials Today, futhi uthole indondo ye-NRF Research Excellence Award for Next Generation Researchers ngo-2023. Uphinde wazuza umklomelo we-2024 Research Debut-Young Talents yase-Afrika emiklomelweni ye-Eni kanye ne-2024 L'Oréal Award ye-South Africa Talent for Women in South Africa.

“Kubo bonke abantu abasha noma ngabe uvelaphi, uma uzimisele, usebenza ngokuzikhandla

awusoze wahlala ekhaya, sebenza ngokuzikhandla uthole amamaki amahle, uzozithola lezo ziqu, abaxhasi bazimisele ngokuxhasa ngezimali abantu beSayensi, iTechnology, Engineering, neMathematics (STEM),” kusho uSibiya-Dlomo.

Iphini leSekela likaShansela wale nyuvesi: Ucwano, Ukuqamba nokuBambisana, uSolwazi Fulufhelo Nemavhola, uhalalisele uSibiya-Dlomo.

“I-DUT iyaziqhenya ngoNkk Sibiya-Dlomo ngokuhlonishwa kwakhe kuma-South African Women in Science Awards. Lokhu kufakazela ukuzibophezela kwe-DUT ekwenzeni ucwano, ukusungula izinto ezintsha kanye nomthelela emphakathini,” kuhalalisa uSolwazi Nemavhola.

USibiya-Dlomo unethemba lokukhuthaza abantu besifazane abasebasha ukuthi bafundele izifundo zesayensi, basebenzise amakhono abo okuxazulula izinkinga ukuze babhekane nezinsalelo zemvelo nempilo yomphakathi. Lo mklomelo uwunikezela ezinganeni zakhe uZethembiso noSimingaye Dlomo.

“Wonke umsebenzi onzima ebengiufaka kini nobabili. Ngishintsha ukulandisa, ngibephula imigoqo,” kuphetha uSibiya-Dlomo.



UNkk Nomthandazo Sibiya-Dlomo amukela indondo yakhe kuma-South African Women in Science Awards (SAWISA) ka-2025 okubanjelwe eBloemfontein ngoLwesine ku-Agasti 21, 2025. Isithombe: Sithunyelwe

Ube impumelelo umcimbi we-Vibe FM wokubungaza abesifazane KwaMashu

Ntokoze Cele

NgoMgqibelo, Agasti 16, 2025, ehholo lakwa-G KwaMashu bekuhlangele imbhokozo kubungazwa kuphinde kukhuthazwa ukuzimela kwa besifazane kumcimbi obuhlelwe iVibe FM isiteshi somsakazo womphakathi waKwaMashu.

Isiqubulo salomcimbi besithi “Her Power, Her Business” obekusho ukuthi amandla akhe, ibhizinisi lakhe. Lo mcimbi obuhlelwe uBongekile Mkhwanazi, oyiMenenja yezokuMaketha kwiVibe FM, uhlanganise osomabhizinisi besifazane, kanye nabaholi bomphakathi ukuzokhuthaza, bacebise baphinde baseke abesifazane abavela kuzo zonke izigaba zempilo.

Lo mcimbi ubuhlelwe ukugubha Inyanga Yabesifazane, kugxilwe emandleni abesifazane, ukufukulwa, kanye nokubuyisela amandla kwabesifazane. Abagqunguzeli abafana noNomdumiso Cele ophuma kumnyango wezoBulungiswa, basebenzise leli thuba ukuqwashisa ngokuhlukunyezwa, ikakhulukazi udlame olubhekiswe kubulili, nokuyinto enzima kuleli.

Akugcinanga lapho kuphinde kwanezikhulumi ezikhulume ngezihloko ezithinta izifo ezithelelana ngocanci kanze nokubaluleka kokuzivikela kwisifo sesandulela nculaza (HIV). Kanti abanye abavela kwimikhakha yezamabhizinisi baphinde basebenzise lenkundla ukufundisa imbhokodo ngokubaluleka kokuqala ibhizinisi kanye nokuzimela njenga nabantu besifazane.

Umhleli womcimbi uBongiwe Mkhwanazi uthi kumthusi kakhulu ukwesekwa akutholile kulomcimbi ikakhulu kazi kubaphathi kanye nezikhulumi ebezimeniye uNondumiso Cele, Baba Nthabiseng Malakoane, Nomfundo Zungu, Thobile Khanyile, Aviwe Klaas, noZama Mhlongo ukuzocobelele ngemibono



UNkzn Bongekile Mkhwanaze oyiMenenja yezokuMaketha kwiVibe FM ethula inkulumbo yakhe kumcimbi i-HER POWER, HER BUSINESS obubhanjelwe ehholo kwa-G, KwaMashu.

yabo ngezihloko ezibalulekile ezifana nezempilo, ibhizinisi, kanye ngezokuphepha begcizelela kakhulu ukufukulwa kwabesifazane kanye nokubhekana nodlame olubhekiswe kubona.

“Akukholakali, kufana nephupho lifezekile ngoba ngibe kulo mkhakha izinyanga ezingu-6 kusukela ngajoyina i-Vibe FM ngo-Ephreli futhi angizange ngicabange ukuthi ngalesi sikhathi esifushane ngingabamba umcimbi omkhulu kangaka futhi ngiphumelele,” kuchaza uMkhwanazi.

Lo mcimbi ubuxhaswe ngabaxhasi abaqotho okubalwa kubo iGugu Dlamini Foundation, YMCA, Vodacom, uMasipala weTheku nabanye. Kanti ababenandisa izihlabani okubalwa kuzo uSanelisa Sobahle, uFikile Mzimela, Ubuhle bamatshitshi kanti uMagasela Mlangeni obengumphathi womcimbi.

Abesifazane abanikwe amandla abahlomisa abanye besifazane

Ntokoze Cele

Uthisha Omkhulu wase-Elangeni TVET College, uNkk TJ Kula, ugcizelele ukubaluleka kokufukulwa kwabesifazane kanye nesidingo sokudilizwa kwezithiyo ezivimbela abesifazane ukuthi bafinyelele emandleni abo. Ekhuluma emcimbini wokubungaza abantu besifazane, uKula uqhakambise indikimba ethi “Empowered Women, Empower Women” nesidingo sokuqeda umqondo “wokudonselana phansi” odume ngelikaPHD.

Ecaphuna umbiko weCommission for Gender Equality, uKula ubalule ukuthi izinkampani ezibeka phambili abesifazane ezikhundleni zobuholi ngokwezimali kunalezi ezinabantu besifazane abambalwa ezikhundleni eziphezulu. Ugcizelele ukuthi abesifazane banomthwalo omkhulu kubo, umsebenzi wabo, kanye namantombazane amancane ukuwakhombisa indlela njengo chwepheshe bakusasa.

UKula ubonge inqubekelaphambili eseyenziwe ekulungiseni ubulili emsebenzini kodwa waphawula ukuthi kusenenkani kwezinye izindawo zokusebenza. Ubalule isibalo esikhulayo sabesifazane abasezikhundleni zobuholi kuhulumeni nasezikhungweni zemfundo ephakeme, okuhlanganisa namaphini oshansela kanye nezikhulu eziphezulu zezinkampani zikahulumeni.

UKula ukhuthaze abesifazane ukuthi basebenzise amathuluzi okuxhasa ngemali kanye nezinsiza ezitholalaka kubo, njenge-Women Technology and Innovation Programme kanye ne-



UNkk TJ Kula onguThisha omkhulu wase-Elangeni TVET college. Isithombe: Facebook

Women Empowerment Fund. Unxuse abesifazane ukuthi bayeke ukuxolisa ngokuba ngabesifazane futhi babone ukuthi ukuba ngumuntu wesifazane kuhle ngokwanele.

“Asisukume sindawonye ukuze sibe nesiphetho esifanayo,” kusho yena. “Asisukume, hhayi njengezisulu kodwa njengabanqobi,” kusho uThisha Omkhulu Kula.

Ephetha, uKula ugcizelele ukubaluleka kokuthi abesifazane besekana, ecaphuna amazwi ahlakaniphile kaNkz Leslie Littlejohn: “Yiba ngowesifazane olungisa isicoco somunye wesifazane ngaphandle kokutshela izwe ukuthi sitshekile”. Ugqunguzele abesifazane ukuthi bagcine udadewabo omunye nomunye, njengoba nje amadoda ekhuthazana omunye nomunye.

ISAZISO KUBEZINDABA

Sikhishwe ngokuphuthumayo ukuze kushicilelwe futhi kusakazwe

UDkt. Pat Mazibuko Usungula Uchungechunge Lwezincwadi Ezishintsha Umqondo Wobuholi eThekwini – eMgungundlovu, KwaZulu-Natali – Uchungechunge olusha lwezincwadi olubhalwe uDkt Patrick Mazibuko, ongumbhali, umeluleki ozimele kwezobuchule, kanye nomholi oqhamuka eThekwini, luzokwethulwa ngokusemthethweni eBessie Head Library eMgungundlovu ngoLwesithathu, mhla ziye-10 kuMandulo 2025, kusukela ngo-4 ntambama kuya ku-7 ebusuku.

UDkt Mazibuko, odabuka eHillcrest, uletha kulolu chungechunge isipiliyoni esicijile asithole eminyakeni engaphezu kwamashumi amabili esemikhakheni epezulu yokuphatha ezinkampanini ezinkulu eziphethwe uhulumeni ezifana neTelkom neEskom. Uke waba ngumholi ohamba phambili emkhankasweni wokuvikela ingqalasizinda, ehola uhlelo olubizwa nge-Economic Sabotage of Critical Infrastructure (ESCI), okuyinkimbinkimbi phakathi kweTelkom, Eskom, PRASA neTransnet, oluqondene nokulwa nokubhujiswa kwengqalasizinda eyigugu ezweni.

Manje njengoba esebenza njengomeluleki wobuholi, uDkt Mazibuko usezakhela igama ngokuqonda izindikimba ezifana nokuthuthukiswa kobuholi, amasu empilo, ubuholi obuqotho, nezinsalelo zanamuhla emphakathini.

Izihloko ezingeziwe kulo chungechunge:

Izincwadi zakamuva zikaDkt Mazibuko zingumsebenzi othinta inhlobo, zibonisa ukuzibophezela kwakhe kweqiniso ezindabeni ezinzima nezibalulekile zesikhathi sethu. Incwadi yakhe, *Such Is Life*, inethulwe ngomlomo onamandla kaSolwazi uDkt u-Ambassador Tal Edgars.

Le ncwadi enamakhasi angu-232 igxile ezimweni zangempela nezimo eziguqula ukuphila, futhi



Izincwadi zenkuthazo nezesu lebhizinisi: UDkt Pat Mazibuko, kwesobunxele, uthule ngokusemthethweni uchungechunge lwezincwadi lapho bekukhona khona iMenenja yezentengiso eHilton Hotel, eThekwini uSmangele Gcabashe nomshicileli wakhe uMpume Ngcobo. Isithombe: Marlan Padayachee.

imema umfundi ukuthi afunde, aphinde afunde futhi afundiswe kabusha izimiso ezibalulekile – okwenza isihloko sayo sibe sikhuthazayo.

Enye yezincwadi ezibalulekile wukuthi *Retrenched, Now What?* (Bent But Not Broken), enethulwe nguAdvocate Bongani Mbali. Le ncwadi iwumhlahlandlela osebenzayo onikeza abafundi "ithuluzi lokusinda" ukuze babhekane nezinguquko zomnotho nezingqondo ezihambisana nokukhishwa emsebenzini. Inikeza umbono omusha namathuluzi asebenzayo okuvumela umfundi ukuthi abone ithuba lokukhula lapho abanye bebona ukuphela.

Njengesigaba esibalulekile senhlonipho yolimi namasiko,

uDkt Mazibuko wethula incwadi yakhe yokuqala ngolimi lwakubo, isiZulu, enesihloko esithi *Izingxoxo Nezincitha – Izingxoxo Ezigququzela Izimpilo – Isigaba 1* (Conversations With The Best).

Le ncwadi igququzela izingxoxo ezinomqondo nokuguquka kwezimpilo ngokuxoxa ngezindaba ezicashile nezifundisayo.

Izincwadi ezine ezizokwethulwa usuku lokwethulwa kwezincwadi:

- *Conversations With The Best – Series 1*
- *Conversations With The Best – Series 2*

Lezi zincwadi ezinekhasi elingu-236 zinezincoko ezijulile

nabholi abahloniphekile nochwepheshe, ezinikeza ukuqonda ngobuholi, injongo yokuphila, ubuqotho, kanye nomthelela weCovid-19 ezinqumweni zokuphatha.

• *The Leadership Game:*

Umlando osebenzayo, onendlela yokusebenza ema-workshop, ofundisa izimiso zobuholi, uhlose ukusiza ezinhlelweni zokuqeqesha nentuthuko yamathimba.

Incwadi elandelayo egxile kubuqotho kwezobuchwepheshe, amandla amathimba asebenza kahle, nesu lengqalasizinda. Iklanyelwe ukuba yinsiza yokufundisa ebuholini obusemhlanganweni, isetshenziswe ekuqeqesheni amabhodi, emihlanganweni

yamaqembu aphakeme nasezifundweni ezikhethekile. Izindikimba eziyinhloko zifaka ubuholi obuqotho, ukubambisana phakathi kwezizinda ezahlukene, kanye nokuxhumana okuvikelayo ezindaweni zobungozi.

Umsebenzi kaDkt Mazibuko ubonakalisa ukuzinikela ekunikezeni abaholi amathuluzi okuhola ngobuqotho, ukuqonda izinsalelo, nokuqhubekela phambili ezimeni eziyinsalelo.

• Ukuba khona kubanikezwe izimemo kuphela.

• Imibuzo yezindaba, ukuhlela izingxoxo noma ukuqinisekisa ukuba khona, xhumana no: Mpume NgcoboEmail: gimbirumanjoo@gmail.comInombolo ye-WhatsApp: 061 515 5209



Head Office
C 433 Umlazi
P.O Umlazi
4031

Prince Mshiyeni Hospital
Umlazi
Main Gate 102

Available
24 hours

TMVUSELELO
FUNERAL SERVICE

079 456 5586 • 076 659 3565

KwaBuyiswa • Newlands • Lindelani • Ndwedwe • Isipingo

6 MONTHS
WAITING
PERIOD

• Sinomasingcwabisane okujoyinwa kuwo ngo R100 ukhokhe uR150 noma uR200 ngenyanga.

• Singcwaba uma usuqede izinyanga eziyisithupha uyilunga lethu.

R150 PLAN

Ukumlanda • Ukumletha
• Ukumhambisa emathuneni • Ibhokisi elihloniphekile (Casket)
Member and Spouse only
• Amakhaza
• Ukulungiswa komzimba
• Isiphambano • Umshini Programme • wokwehlisa amadlelo aluhlaza
CASH BACK R2000

R200 PLAN

Ukumlanda • Ukumletha
• Ukumhambisa emathuneni • Ibhokisi elihloniphekile (Casket)
Member and Spouse only
• Amadlelo aluhlaza netende lasemathuneni • Amakhaza
• Ukulungiswa komzimba
• Isiphambano • Umshini Programme • wokwehlisa amadlelo aluhlaza
CASH BACK R2500



Sikwenzela konke mahhala uma uthenga ibhokisi lethu. Sinomasingcwabisane onamanani aphantsi aqala ku R150 – R200

Ama-Springboks asekulungele ukubhekana nama-All Black

Ntokozo Cele

AmaBhokobhoko amemezele isikwati sabadlali abangu-36 esizodlala nochungechunge lwemidlalo emibili yama-Test uma sebebhekene nama-All Blacks eNew Zealand.

Ukaputeni uSiya Kolisi noPieter-Steph du Toit babuyile ekulimaleni, kanti uMakazole Mapimpi ujoyina iqembu ngemuva kokululama ekulimaleni. Iqembu linabadlali abangu-20 abaphambili nabangu-16 basemuva, kanti u-Jasper Wiese umisiwe kwi-Test yokuqala.

AmaBhokobhoko asanda kubuya ehlulweni ama-Wallabies e-Ellis Park aphinde abuyisa izinduku ngendlela egculisayo eKapa.

Umqeqeshi uRassie Erasmus uthe iqembu lizothatha ukuzethemba kulokhu kuwina njengoba selizobhekana nama-All Blacks.

"Impela sizothatha ukuzethemba ngokunqoba sibhekene ne-Australia

ngesonto eledlule uma sigibela indiza," kusho u-Erasmus.

AmaBhokobhoko azobhekana nama-All Blacks e-Eden Park e-Auckland ngoSeptemba 6, bese kulandela ukududulana eSky Stadium eWellington ngoSeptemba 13.

Le midlalo nama-All Blacks Umqeqeshi u-Erasmus uyibona njengemidlalo ebalulekile futhi edinga ukuhlonishwa.

"Ukubhekana nama-All Blacks eNew Zealand kuyinselelo enkulu," kusho u-Erasmus.

Iqembu lizovakashela eNew Zealand ngoLwesibili, okulinikeza isikhathi sokuzijwayeza ngaphambi kwe-Test yokuqala. Yomibili imidlalo izoqala ngo-09:05 ngesikhathi saseNingizimu Afrika.

I-Rugby Championship ivuleke kakhulu njengoba womane amaqembu enqobe umdlalo owodwa, kanti ama-All Blacks aphuma emlandweni ehlulwa yi-Argentina.



Ama-Springboks ebhekene neNew Zealand kumidlalo weCastele Lager Championship yango October 1, 2025.

BT NEWS Classifieds 079 227 8383 thobileb@btnews.co.za

**MY CALLING
UBIZO LWAMI
FUNERAL**

**Address:
UMLAZI KWAMNYANDU
LIGHT INDUSTRIAL HUB**

**079 158 6271 • 071 568 0982
031 305 0788**

**ENHANCE
SKILLS CENTRE**

CONSTRUCTION COURSES/ CERTIFICATE

- Bricklaying
- Paving
- Carpentry
- Tiling
- Plastering
- Plumbing

Une - experience udinga isitifiketi kuphela siyakusiza:

Fonela u-072 562 8031

SLIE Driving School

BB Umlazi (Kuma Container)

082 056 0065 • 031 909 2456

**MOSTERT
PEST CONTROL**

We Eliminate

072 284 1191

for a healthy and clean environment!

**FREE
QUOTATION**

**www.mostertpestcontrol.com
ballito@mostertpestcontrol.com**

- Fleas
- Weed Control
- Fish Moths
- Wood Borers
- Bees & Spiders
- Ants
- Bed Bugs
- Cockroaches
- Termites
- Rodents

**Ukufaka
isikhangiso
sakho
kulengosi
ungaxh-
umana
nathi ku:
079 227
8383**

**FILL IT
FAST**

**Advertise
Your
Vacancy
Here**

**Contact
Classified**

**072 227
8383**

**promotions
@btnews.
co.za**

August SALE

G2

CLOTHING . HOMEWARE

ITEMS AND PRICES:

- GIRLS Crushed Dress:** R 60
- LADIES Dress:** R 75
- LADIES Round-neck Top:** R 40
- LADIES Bodysuit:** R 45
- LADIES Vest:** R 70
- LADIES Skirt:** R 80
- LADIES Longsleeve Shirt:** R 40
- LADIES Pj's:** R 130
- GIRLS Tracksuit Set:** R 160
- LADIES Hoodie:** R 40
- LADIES Gown Jacket:** R 200
- LADIES Set:** R 200
- LADIES Set:** R 160
- LADIES Pj's:** R 100
- LADIES Crop Trench Coat:** R 220
- LADIES Tights:** R 45
- LADIES Black Coat:** R 220
- LADIES Sandals:** R 55
- LADIES Underwear:** R 15
- MENS Colfer:** R 90
- MENS Cargo Shorts:** R 90
- MENS Beach Shorts:** R 70
- MENS Shirt:** R 60
- BUCKET Hats:** R 70
- ASSORTED Caps:** R 20
- LADIES Underwear:** R 25
- T60 ASSORTED Bags:** R 100

